**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LEBHULOHO ELUDIMBI EMNAMBITHI NGOLWESIHLANU MHLAKA 28 JANUARY 2011**

Mphathi wohlelo;
Nkosi yendawo uJobe;
Amakhosi wonke akhona;
Imeya yoMkhandlu waseNdaka;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zomnyango ziholwa iNhloko yoMnyango uHlabisa;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi nanamhlanje sesiphinde sathola ithuba lokuhlangana nomphakathi walapha eNdaka sizokuthi egameni loMnyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal halala ngentuthuko eqhubekayo kule ndawo.

Ngithi sesiphinde sathola ithuba nje, yingoba phela akukapheli sikhathi esingakanani njengoba ngo-November wonyaka odlule besikhona lapha eNdaka silethe amabhayisikili ezikoleni ukuze impilo yabafundi basemakhaya ibe ngcono.

Nalapho futhi ngaphakamisa ukubonga kubantu baseNdaka ukuthi sesihlale siza ngemisebenzi yentuthuko kuphela manje kule ndawo. Ngangikusho lokho ngoba sasiqale kabi ukuza lapha ngokuzoxazulula izinkinga zobugebengu obase buphazamisa ngisho nokufunda ezikoleni.

Namhlanje-ke singuMnyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa nguNdunankulu uDkt Zweli Mkhize sithe masizobuyisa ithemba lekusasa elingcono kubantu baseNdaka ikakhulukazi umphakathi waseLudimbi. Sizophendula esicelweni esenziwe umphakathi ukuba wakhelwe ibhuloho nomgwaqo ukuze kufinyeleleke ezindaweni zosizo.

Namhlanje sizozibophezela phambi kwenu emini bebade ukuthi umphakathi onganeno nongaphesheya komfula iNdaka usuzokwazi ukufinyelela emitholampilo eMandleni naseMlambo. Sithi usizi seluzophela kubafundi baseLudimbi Primary, Oswebana Primary, Nhlambamasoka Primary , Mkhamo Primary, Batshazwayo High, Velaphi High noMkhamo High.

Njengoba sesilihlabile nje isoyi, sekusho kona ukuqala komsebenzi. Leli bhuloho esizolakha lapha lihambisana nomgwaqo wobhuqu ongu-5 km lizodla imali ebalelwa ku-17,9 million. Kulindeleke ukuthi libe seliphothuliwe ukwakhiwa ngoMarch wonyaka ozayo u-2012.

Siyaqhubeka futhi nomgomo wethu wokuthi uhlelo lokwakha lonke kumele luqinisekise ukuthuthukiswa kwamakhono kubantu bendawo. Umnotho kumele usale kubantu bendawo. Osonkontileka abazokwakha lapha kumele bazithenge kosomabhizinisi bendawo izimpahla zokwakha, bese benza nezinhlelo zokuqasha baphinde bathuthukise namakhono kubantu bendawo.

Okwamanje angu-17 amathuba emisebenzi esesinesiqiniseko sokuthi azodaleka kubantu bendawo uma sekuqala umsebenzi wokwakha. Siyanxusa-ke ukuthi abaphethe uhlelo lokuqasha abantu bangalinge bafake indaba yobuqembu bepolitiki lapha. Uma uHulumeni eletha amathuba usuke ewalethela abantu hhayi amalungu eqembu elithile.

Phela njengoHulumeni siyakuqonda ukuthi umgwaqo nebhuloho yizinto eziyigugu ngendlela eyisimanga kumuntu ongakaze ezwe ukuba lula kwempilo uma unako. Nina-ke ningofakazi balokho njengoba senike nakuzwa isikhathi eside ukushaywa indiva ngohulumeni bakudala ababenganinakile.

Kafushane nje engiqonde ukukusho lapha ngukuthi baningi ohulumeni asebafika badlula ezweni lethu, kodwa kuyaqala emlandweni wesifundazwe sethu ukuthi sibone izimpilo zabantu ziba ngcono ngendlela okwenzeka ngayo manje.

Kuyiqiniso futhi ukuthi ezinye zezinselelo ezibhekene neKwaZulu-Natali kudingeke zithi ukulinda zaze zaqala ukuthi kubhekwane nazo ngonyaka ka-2004 ngenkathi lo Hulumeni oholwa i-ANC uthatha izintambo esifundazweni. Kodwa okungenani eminyakeni eyisithupha nje, njengoba sisho nje, abantu bakithi sebephumela obala basho ukuthi sebeyalubona uguquko ezimpilweni zabo ngenxa yezinhlelo zentuthuko ezilethwa uHulumeni wentando yeningi.

Esikucela kinina ukuthi nisibekezelele. Ningavumeli ukuthi kube nabantu abanifaka umoya omubi banenze ukuthi nilahlekelwe yithemba. Ningakhohlwa ngukuthi isifundazwe sethu sikhulu kanti sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda, kanti noMongameli uthe masiqinise kakhulu ezindaweni zasemakhaya manje ekade zayilangazelela intuthuko.

Yingakho-ke uthola ukuthi emalini ebalelwa ku-R216,5 million esiyifake ekwakheni nokugcina imigwaqo isesimweni esifundeni sasoThukela kule nyaka yezimali u-2010/2011 no-2011/12, ingxenye eningi yayo ingene ezindaweni zasemakhaya.

Ngakho-ke ukubambisana yikona okungukhiye kuko konke lokhu. Uma nje sibambisene sonke uyohlale ufezeka kalula umgomo wethu wokuthi sibe nguHulumeni ongagcini nje ngokukhuluma kodwa owenzayo – ohlale ukufeza lokho ozibophezele kukona. Kumele sonke siqinisekise ukuthi asilali futhi asiphumuli uma izimpilo zabantu bakithi zingakaguquki zibe ngcono.

Masiphinde sithathe leli thuba siwubongele umphakathi walapha eNkosini yakwaSithole siphinde sibongele nomphakathi ongaphesheya komfula iNdaka eNkosini yabaThembu okuyiyona miphakathi ezohlomula kakhulu ngaleli bhuloho. Sibonga ukubambisana esikutholile enduneni uThabethe nobuholi bonke esigodini saseLudimbi.

Kuhlale kusijabulisa ukubona bebambisana noHulumeni hhayi ukulokhu bebangisana mhlambe noHulumeni kumbe bebodwa. Phela ngihlale ngisho ngihamba khona ukuthi lapho kunokubangisana khona nentuthuko iyahlehla.

Emhlabeni wonke izwe elinezimpi alithuthuki. Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu nguyena okumele nibhekane naye ngoba kusho ukuthi akayifuni intuthuko.

Siyanxusa-ke ukuba sihlangane singumphakathi silwe nabo bonke ububi endaweni yethu okuhlanganisa nobugebengu bokuvinjwa kwezimoto kubanjwe inkunzi abashayeli. Ngiyezwa futhi muva nje nokugqekezwa kwemizi yabantu sekuyinto ethanda ukuvama ngapha.

Kodwa esikwaziyo ngukuthi umuntu ongeyena owendawo akawazi umuzi ongabi namuntu ngesikhathi esithile nokuthi kukhonani phakathi. Ngakho-ke kusho ukuthi yinina bendawo enihlala nezigebengu ningazidaluli. Kulo nyaka sifuna kube ngunyaka womnyakazo womphakathi wokulwa nobugebengu KwaZulu-Natal. Nani-ke ningabe nisasala ngaphandle manje. Asiyibambe iqine sonke.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Siyabonga**